AMAPHUZU ABALULEKILE NGAMAXHAPHOZI

YINI IXHAPHOZI?

Ixhaphozi lichazwa kwiNational Water Act (Act 38 of 1998) njengendawo ephakathi kweyomile naleyo emanzi. Amanzi angaphansi komhlaba aphakeme athi mawasondele nendawo engaphezulu komhlaba noma-ke indawo ithanda ukuvama ukuma amanzi angamathantala, nokuyindawo ngokwejwayelekile eba nezimila ezikwaziyo ukumelana nendawo emanzi.

UKUBALULEKA KWEZINDAWO EZINGAMAXHAPHOZI NOSIZO LWAZO

Izindawo ezingamaxhaphozi kuqala bezibizwa ngezindawo ezilugwadule, ezingenamsebenzi walutho kepha ngale kokuba yize leze ziyizindawo ezilusizo nezikhiqiza kakhulu imvelo emlabeni wonke jikelele. Izindawo ezingmaxhaphozi zineqhaza elibalulekile lokubuthanela amanzi ndawonye nanxa kunezikhukhula, isomiso, ukugcina amanzi, ukugcina umsoco otholakala enhlabathini, ukuvikela inhlabathi, wukuba yindawo okuzalela kuyo izinhlanzi, ukuhlanza amanzi angaphansi komhlaba, yizindawo ezigcina ukwehlukahlukana kwemvelo, ukulondolozwa nokuba yisisusa sakho konke okuyimvelo, ukukhiqiza ukudla kwasemaxhaphozini, ukuhambisana namasiko, ezokungcebeleka nezokuvakasha, ukuhlengahlenga isimo sokuguquguquka kwesimo sezulu.

UKUBALULEKA KWEZINDAWO EZINGAMAXHAPHOZI NOSIZO LWAZO



Thola minininingwane: www.environment.gov.za
Call Centre: 086 111 2468

AMAXHAPHOZI NEZOLIMO

Ziningi izindlela zokuphatha budedengu ezolimo ezingaholela emiphumeleni engemihle kumaxhaphozi. Lokhu kudala ukuba noshintsho esimweni samaxhaphozi kuholele ekulimaleni okungasoze kwaphela kulahleke nosizo obeluzotholwa abantu.

Ukugcina indlela amaxhaphozi asebenza ngayo nokuvikela amanzi ukuze kuvikeleke isimo samaxhaphozi kungathathwa njengokuzibekela entweni eyimvelo kusizakale nezolimo. Amanzi angamathantala noma amaxhaphozi angasiza kakhul kwezolimo ukuhlenga amanzi ezikhukhula ngezikhathi zezimvula, enze ngcono isimo somswakamo enhlabathini, abe yizindawo zokugcina amanzi okuchelela ngenkasa ezikhathi zesomiso, kuphinde kutholakale namanzi ezansi nemihosha.

UKWEHLISA ISANKAHLU SEZOLIMO KUMAXHAPHOZI

Ukuphinde kusetshenziswe amanzi, nokuphinde kusetshenziswe amanzi angcolile kwezolimo kunganciphisa ukumpontshwa kwamanzi emaxhaphozini.

Ukuhlelela amanzi:
Yize noma amadamu amanzi eyohlale njalo eyiyona ndlela yokuvikela abalimi esomsweni nasekutheni bakwazi ukwenyusa umthamo kwezolimo kepha ukuba nendlela yokonga amanzi kumathange nakumadamu amancane emapulazini kungaba yiyona ndlela enesigqi.

Ukwehlisa isankahlu sezolimo emanzini ahlanzekile:
Izindlela ezinjengokuqala ukulungsiselela ukutshala kanye nokutshala kusetshenziswa Umanyolo wemvelo kungehlisa izinga lokunukubezeka kwenhlabathi engaye ifinyelele ezindaweni ezingamaxhaphozi. Ukusingatha uhlelo lokunciphisa izinambuzane kwezolimo kungasinciphisa isidingo sokusetshenziswa kwamakhemikhali. Kungsetshenziswa umanyolo ovela emfuyweni ukuvundisa izitshalo nokumila emanzini. Kubalimi abancane bangahlomula ngalokhu ngoba kunganciphisa izindleko kakhulu.

IZINDAWO ZAKWARAMSAR ESOUTH AFRICA (21)

Barberspan (1)
Blesbokspruit (3)
De Hoop Vlei (2)
De Mond (4)
Kosi Bay (8)
Lake Sibaya (9)
Langebaan (7)
Makuleke Wetlands (18)
Natal Drakensberg Park (13)
Ndumo Game Reserve (14)
Ntsikeni Nature Reserve (20)
Nylsvley Nature Reserve (16)
Orange River Mouth (10)
Prince Edward Islands (19)
St. Lucia System (5)
Seekoeivlei Nature Reserve (15)
Turtle Beaches/Coral Reefs of Tongaland (6)
uMngeni Vlei Nature Reserve (21)
Verloren Valei Nature Reserve (17)
Verlorenvlei (11)
Wilderness Lakes (12)

Izinombolo ezingezansi zibonisa izindawo zakwa-RAMSAR eSouth Africa

DESIGN BY: DEA COMMS

environmental affairs
Department:
Environmental Affairs
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SANBI
Biodiversity for Life

20 YEARS OF FREEDOM